UHLAKA

UMNYANGO WEZEMVELO NEZOKUVAKASHA

IGATSHA LEZASOLWANDLE NOKUPHATHWA KOGU

UMGOMO KA-2005 WOKUNIKA NONGWENGAMELA IZIMVUME ZOKUDOBELA INZUZO AMA-ROCK LOBSTER KUGU OLUSENTSHONLALANGA

LOLU HLAKA MGOMO KUMELE LUFUNDWE NOMGOMO JIKELELE WOKUNIKA NOKWENGAMELA IZIMVUME ZOKUDOBELA INZUZO ESIKHATHI ESIDE KA-2005.(itholakala kwi- www.mcm-deat.gov.za)

TABLE OF CONTENTS

1. Isingeniso 3

2. Isayensi yezinto eziphilayo kanye nokuphathelene nenai lokudotshwa kwezinhlanzi 4

3. Ukubukeka kwemboni yokudoba 4

4. Uhlelo lokunikezelwa kwezimvume zokudoba zesikhathi esimaphakathi 7

5. Inhlosongqangi yemboni yokudoba 8

6. Isikhathi esithathwa yizimvume 9

7. Abafikayo embonini yokudoba 9

8. Inqubo yokuhlunga 10

8.1 Inqubo yokungamukeleki kwabathile 10

8.2 Inquko yokuhlunga ngokuqhathanisa 12

(a) Uguquko 12

(b) Ukutshalwa kwezimali embonini yokudoba 13

(c) Imisebenzi 13

(d) Ukuhlungwa nokuthengiswa kwezinhlanzi 13

(e) Ukudoba ngezinga elifanele 13

(f) Umlando wokuzibandakanya embonini yokudoba 14

(g) Ukuhambisana nomgomo 14

8.3 Inqubo yokulinganisa 14

9. Imikhumbi esesimweni esigculisayo 14

10. Izindlela zokuphatha 15

11. Imali yokufaka izicelo zemvume yokudobela inzuzo kanye nemali yentela 15

12. Izinga lokubuyekeza izinga lokusebenza okuyilo 16

13. Abakhimkhanya 16

14. Provisional lists 16

15. Izimo zezimvume 17

1. Isingeniso

Lo mgomo wokunikezwa nokuphathwa kwezimvume zokudobela inzuzo embonini engandile yama-*west coast rock lobster* (ngasosebeni) ikhishwe uMnyango weZemvelo neZokuvakasha: Igatsha lezasolwandle nokuphathwa kogu (uMnyango) ukuze umphakathi ubeke izimvo zawo ngalo. Le mboni iyobizwa nge-"WCRL (ngasosebeni)". Lo mgomo kumele ufundwe nomgomo jikelele ka-2005 wokunika kanye nokwengamela izimvume zokudobela inzuzo zesikhathi eside ("umgomo jikelele wokudoba").

Njengoba kuchaziwe kumgomo jikelele, uMnyango uyobamba imihlangano yemiphakathi ezindaweni ezigudle ugu ukuze uxoxisane nomphakathi jikelele, nalabo abanezifiso nabathintekayo mayelana nalolu hlaka mgomo lwe-WCRL (ngasosebeni). Kule mihlangano yomphakathi izimvo mayelana nalo mgomo ziyokwamukelwa. Izimvo ezibhalwe phansi kumele zithunyelwe kuMnyango ungakadluli umhla ka-11 ku-Ephreli 2005. izimvo eziyothunyelwa ngemuva kwalesi sikhathi ziyoshaywa indiva. Izimvo kufanele zithunyelwe ngale ndlela.

NgeFax: Quaphela: (021) 670-1782 Qaphela: The Deputy Director-General Fishery (Please specify which fishery) Policy Comments	**Nge Mail:** Qaphela: Mr Horst Kleinschmidt The Deputy Director-General The Department of Environmental Affairs and Tourism P.O Box 44963 Claremont 7735 Fishery (Please specify which fishery) Policy Comments	**Nge E-mail:** RVU@deloitte.co.za Quaphela: The Deputy Director-General Fishery (please specify which fishery) Policy Comments **Nge Hand** Quaphela: The Deputy Director-General The Rights Verification Unit 11 Landsdown Road Claremont Fishery (please specify which fishery) Policy Comments

Inhloso yalo mgomo ukubeka ngokusobala uhlelo okuzoqhutshwa ngalo uma kunikwa imvume yesikhathi eside ama-WCRL (ngasosebeni). Iningi la lezi zinhlelo azizintsha. Bezisetshenziswa uMnyango uma unikeza imvume esikhathini esedlule .Lo mgomo uqukethe uhlelo okuzoqhutshwa ngalo noma kukhona izinguquko ezingatheni kanye nokwengeziwe

Eminye imigomo yokuphatha ngemuva kokunikwa imvume yethuliwe. Ibhuku eliphathelene nokuphathwa kokudotshwa kwama-*West Coast Rock Lobster* (Ngasosebeni) liyoqedelwa ngokuhlanganyela nabanezimvume ngonyaka ka-2006. Leli bhuku liyobeka ngokusobala indlela yokuphatha kanye nenqubo yokudoba.

UNgqongqoshe weZemvelo neZokuvakasha uhlose ukunikezela ngamandla kasomqulu 18 wokunika imvume yokudobela inzuzo ama-WCRL (ngasosebeni) oqukethwe esigabeni 79 soMthetho 18 wezinto eziphila olwandle ka-1998 (the Marine Living Resources Act 18 ka-1998 obizwa nge-"*MLRA*") unikezelwe kwisikhulu esiphezulu somnyango.

2. Isayensi yezinto eziphilayo kanye nokuphathelene nenai lokudotshwa kwezinhlanzi

Ama-*west coast rock lobster* (*Jasus lalandii)* ayizilwane ezikhula kancane ziphile isikhathi eside. Ubukhulu bama-WCRL esifazane ayahluka kakhulu ekhuleni kwawo, asukela kumamilimitha angama-57 ubude begobolondo [carapace length (CL)] kuya kumamilimitha angama-66. Awesilisa aba made akhule mawala kunawesifazane. Ngenxa yesilinganiso sobude obungamamilimitha angama-75 samagobolongo esigidlabezwe abadobi abadobela inzuzo, awesilisa aba yisilinganiso sama-90 kuya kwangama-99 ekhulwini sama-WCRL abanjwayo.

Ama-*west coast rock lobster* atholakala mangasosebeni (ekujuleni kwamamitha angamaphansi kwama-200) ukusuka ngaseNyakatho yase-Walvis Bay e-Namibia kuya e-East London. Ukudoba ngaphezu kwenani kudotshelwa inzuzo kwenzeka kumazinga okushisa asukela ku-25°S e-Namibia ukuya e-Gansbaai. Kodwa ukuzidobela nje kuqhubekela mangasempumalanga kuya e-Mossel Bay.

3. Ukubukeka kwemboni yokudoba

Isisindo esivunekayo kuyimanje silinganiselwa kwisilinganiselo sesi-8 ekhulwini uma kuthathwa isilinganiselo sokudoba ngokweqile esedlule, isisindo samaqanda silinganiselwa kwisilinganiselo esingama-21 ekhulwini. Loku kwehla kwezinga kuwumphumela walezi zinto ezimbil: inani elikhulu

lokuvuna isivuno esingaphezulu kwesingamelwa yimvelo ikakhulukazi ngesigamu sokuqala sekhulunyaka lama-20 (20th century) kanye nokwehla kwezinga lokukhula ngeminyaka yawo-1990.

Ukudobela inzuzo kwaqala ngeminyaka yawo-1880. imboni yokudobela inzuzo yakhula ngesivinini ekuqaleni kwekhulunyaka lama-20. Nakuba imibiko ebhalwe phansi yokudotshwa kwezinhlanzi ngonyaka ka-1940 ikhomba ukuthi zincane izinhlanzi ezabanjwa , inani lezinhlanzi ezabanjwa lakhuphuka kakhulu phakathi konyaka ka-1950 no-1965, lapho kwatholakala khona amathani aphakathi kwezi-13 000 nezi-16 000 ngonyaka.

Ngaphambi konyaka ka-1946 imboni yokudobela inzuzo yayingalulwa ngamthetho. Kulowo nyaka isisindo esasingathwaleka emuva nomkhumbi sagidlabezwa kulawuleke izimpahla eziphumayo. Lokhu kwacha indlela yokuphatha ebheka okutholakalayo("output controlled") esasetshenziswa namanje ekuphathweni kwama-*west coast rock lobster* .

Ukusukela ngonyaka ka-1946 kuya phambili, kwanikezwa izilinganiso sonyaka, esasigxile ekusebenzeni kwemboni esikhathini sokudoba esedlule. Kuze phakathi neminyaka yawo-1960, inani lezinhlanzi ezibanjiwe zazilawulwa ngqo ngesilinganiso esinqunyiwe. Ngesikhathi sokudoba eminyakeni yawo-1967/68 izinga lokubanjwa kwezinhlanzi lehla okwabangela ukuthi isilinganiso esinqunyiwe singabe sisagcwaliseka.Ukwehla kwenani lezinhlanzi ezibanjiwe (Total Allowable Catch ebizwa nge-"*TAC*") liyofinyelela phakathi kwamathani ayi-4 000 nayi-6 000 kwabuyiselo ukuzinza phakathi kwale minyaka 1970/71 kuya ku-1989/90.

Isilinganiso sesindo somsila we-*lobster* lathathelwa isikhala inani lwama-*lobster* aphelele , lase lenganyelwa ngokohlelo lwe-TAC olwaqalwa ekuqaleni ko-1980. Isabelo sezimvume ngokwezindawo samiselwa ngesikhathi esifanayo. Ezinye izindlela zokuphatha ezaziphoqeleliwe maphambilini zazihambisana nesivimbelo ngokobukhulu kanye nokuvalwa kwesikathi sokudoba.Ukudotshwa kwama-*lobster* anamaqanda noma anamagobolondo athambile kwavalwa. Ngesikhathi sokudoba seminyaka yawo-1990/1991 labonakala lehla futhi inani lezinhlanzi ezibanjwayo, lokho okwaholela ekutheni eminyakeni elandelayo uhlelo lwenzuzo lwe-TAC lwehle, liyofinyelela emathanini ayi-1 500 kwisikhathi sokudoba seminyaka yawo-1995/96. Ukusukela

ngaleso sikhathi beku lokhu kukhona ukululama kule mboni, uhlelo lokudobela inzuzo lwe-TAC lubekwe emathanini ayi-3 527 kwisikhathi sokudoba seminyaka yawo-2004/2005.

Ngaphambi kokuthulwa konoxhaka bokudoba ama-*lobster* ngeminyaka yawo-1960, imboni yokudobela inzuzo yayethembele kuphela ekudobeni ngamanethi ayindilinga abanjwa ngezandla ayelula, kulula nokuwaphonsa uwasusa emikhunjini emincane uwaphose emanzini angashoni. Akuvamile ukusetshenziswa kwamanethi okudoba ayindilinga ekujuleni okwedlula amamitha angama-30. izikejana ezincane ezigwedlwayo ezidoba ngamanethi ayindilinga, angasebenza ngokuzimela ukusukela ogwini esebenzisa injini noma izigwedlo, noma ziyiswe endaweni yokudobela zidonswa isikebhe sokudoba.

Imboni yokudoba ama-*west coast rock lobster* ihlukaniswe izimboni ezimbili: imboni yokudobela inzuzo kanye nemboni yokuzidobela nje. Laba abazidobela nje, bangadoba besebenzisa amanethi ayizindilinga besesikebheni sokudoba noma besosebeni, noma batshuze bebambe umoya noma badobe begxumeke izindobo osebeni. Abazidobela nje abavumelekile ukuba badayise izinhlanzi abazibambile.
Imboni yabadobela inzuzo iqukethe kakhulu abadoba maphakathi nolwandle (abanemvume yokudoba ngaphezulu kwethani nenxenye) kanye nenani elingandile labadobela ngasosebeni abanemvume yokudoba ngaphansi kwethani nengxenye. Kwimboni yokudoba ngasosebeni abanini zimvume basebenzisa amanethi ayindilinga futhi abavunyelwe ukusuka kwenye indawo baye kwenye.

Imboni yokudobela inzuzo ngasosebeni (noma imboni engandile yokudobela inzuzo) yathatha indawo yemboni yokudobela iholo ngonyaka ka-2001 ngenxa yokwatholakala kwimibiko nezincomo okuzimele okubhalwe phansi okudobela amaholo eNingizimu Afrika. Le mibiko yenza izincomo zokuthi abadobela amaholo bezinga eliphezulu njengabe-*west coast rock lobster*, abama-*traditional linefish* kanye nabe-abalone kumele badobele inzuzo. Ukudobela inzuzo kwalezi zinkampani sekuvumele abadobi ukuba badayise imikhiqizo yabo.

UMnyango unikezela ngama-20 ekhulwini inani lohlelo lwe-TAC lwama-*west coast rock lobster* kwimboni yokudobela ngasosebeni kanye nesilinganiso ekhulwini sama-80 kwimboni edobela

maphakathi nolwandle.TAC to the nearshore fishery and 80 percent to the offshore fishery. Isizathu salokhu kwehlukaniswa ukuthi kulinganiselwa kwisilinganiso esingama-20 ekhulwini ingcebo etholakala ngasosebeni, kanti ilinganiselwa kwisilinganiso sama-80 ekhulwini ingcebo etholakala maphakathi nolwandle ekujuleni kolwandle.

Imboni yokudoba maphakathi nolwandle yondla izisebenzi eziyi-5 500, isilinganiso sama-95 ekhulwini sazo, ngezimnyama. Kuleli nani bangaphezulu kwezi-2 500 abayizisebenzi zasolwandle, abasala lapho baqashwe kwingxenye yokuhlunga bathengise izinhlanzi ezweni. Ukuvunwa kwama-*west coast rock lobster* kwenzeka phakathi kukaNovemba noJulayi, kanti isilinganiselo seholo lonyaka kulesi sikhathi sokudoba yizi-R26 500. Imali engeniswa ukudotshwa kwama-*west coast rock lobster* ilinganiselwa kwizigidi ezingama-R200. isilinganiso sentengo yomkhumbi ngamunye kule mboni siyizigidi eziyi-R130.

4. Uhlelo lokunikezelwa kwezimvume zokudoba zesikhathi esimaphakathi

Ngonyaka ka-2001, uMnyango wanikezela izimvume zokudobela inzuzo ama-*west coast rock lobster* ezingama-234. Kwabuye kwengezwa ngokjuba kunikezelwe izimvume zokudobela inzuzo ezingama-511 kubadobi abakhokhelwayo. Kulezo zimvume ezanikezelwa ukudobela inzuzo ngokugcwele, isilinganiso sama-66 ekhulwini sanikezelwa kwabamnyama nasezinkampanini ezilawulwa abamnyama. Ukumeleleka kwabamnyama ezikhundleni eziphezulu kule mboni yokudobela inzuzo ngokugcwele, kuyisilinganiso sama-34 ekhulwini.

Kwizimvume ezanikezelwa embonini yokudobela inzuzo engandile, isilinganiselo sama-91,5 ekhulwini sanikezelwa kwabamnyama, ikakhulukazi izinkampani ezincane eziphethwe abamnyama. Lokho kusho ukuthi cishe isilinganiselo sama-70 ekhulwini semboni yama-*west coast rock lobster* silawulwa abamnyama.

Ngonyaka ka-2003, uMnyango waphinde wakhipha amathani angama-230 *ama-west coast rock lobster* ewanikezela izimboni ezingandile zokudobela inzuzo ezingama-274 endaweni esempumalanga nase-Cape Hangklip. Kulezi zimvume ezakhishwa zingaphezu kwesilinganiselo sama-90 ekhulwini ezanikezelwa abamnyama.

Ngonyaka ka-1992, bayisilinganiselo sama-39 abanini zimvume abamhlophe abalawula uhlelo lwe-TAC lwama-*west coast rock lobster*. Ngakolunye uhlangothi , kwathi kuphela unyaka ka-2003, uMnyango wabe usunikezele ngezimvume zokudobela izinzuzo ama-*rock lobster* eziyi-1 019. Kuleli nani zingaphezulu kwama-785 izimvume ezanikezelwa kubadobi abakhokhelwayo. Ukuhlangabezana nenani elikhulu lwabanini zimvume, lilinganiselwa kumathani angu-6.8 inani lezinhlanzi ezazingabanjwa ngonyaka ka-2002, uma kuqhathaniswa namathani angama-56 enani lezinhlanzi elalingabanjwa langonyaka ka-1992. Noma kunjalo umehluko phakathi kwabanezimvume abanesabelo esikhulu kanye nalabo abanesincane wehle kakhulu kuleminyaka eyishumi eyedlule. Ngonyaka ka-1992 kwakunomahluko olinganiselwe phakathi kwa-200 phakathi kwababenezabelo ezinkulu (amathani ayi-199) nalabo ababenezabelo ezincane: ngonyaka ka-2002 kwakunomahluko olinganiselwa kuma-66 phakathi kwalabo ababenezabelo ezinkulu (amathani angama-95.6) kanye nababenezabelo ezincane (amathani ayi-1.5

5. Inhlosongqangi yemboni yokudoba

Izinhloso yokunikezelwa ngemvume yokudobela isikhathi eside embonini yokudoba izinhlanzi ngokohelo lwe-WCRL (ngasosebeni lolwandle) yilezi ezilandelayo:

- Ukugcina nokwenza uguquko kwindlela le mboni ebueka ngayo;
- Ukunikezelwa kwezivume zokudobela inzuzo kulabo badobi abathembele ekudobeni ama-WCRL ukuze baphile;
- Ukuqinisekisa ukuthi abafaki zicelo zemvume yokudoba bahlala kumadolobhana anomlando wokudoba ama-WCRL, banikezwaizimvume ezifanelekile;
- Ukugququzela ukutshalwa wezimali emikhunjini yokudoba, kwingqalasizinda yokuthengisa nokulungiswa kwezinhlanzi kanye ukukwakha amathuba omsebenzi avikelekile;
- Ukugcina imboni yezokudoba iphilile ngokomnotho;kanye
- Ukuqinisekisa ukuthi imboni yokudoba igcineka iphilile nemvelo ingashabalali.

6. Isikhathi esithathwa yizimvume

Ngokuphathelene –

- Nezinguquko zokubukeka kwemboni yokudoba;
- Nesidingo sokugqugquzela ukuthi kuphinde kutshalwe izimali ezinkampanini ezincane zale mboni yokudoba;
- Nesidingo sokwakha amathuba emisebenzi okusebenza ngokugcwele;
- Nesidingo sokugcina umnotho usesimweni esifanelekile esikhona kumanje kule mboni yokudoba; kanye
- Nokuthi imboni yokudoba ama-*west coast rock lobster* yenganyelwe kahle ngokwemibiko yamanje ethembekile,

UMnyango uyonikezela ngezimvume zokudobela inzuzo zeminyaka eyi-10 (kusukela ngomhla ka-1 kuJanuwari 2006 kuya kumhla ka-31 kuDisemba 2015). Wonke umuntu othole imvume yokubela inzuzo uyoihlala ahlale ahlolwe ngokuhambisana nenqubo ebekiwe, kuhlangania nemigomo yenguquko ekuvumelwene ngayo ezuziwe.(**bheka isigaba 12 ngezansi**).

7. Abafikayo embonini yokudoba

Ngenxa yokuthi imboni yokudoba ama-*west coast rock lobster* ivune ngokweqile futhi ayisekho indawo yokufaka abanye abantu ngfaphezu kwaleli nani esalikhona, abafaki zicelo ezinthsa zezimvume bayobhekelelwa futhi bangase bancanyelwe kunalabo banini zimvume abakhona abahlulekile ukwenza izinguquko noma abahlulekile ukussebenzisa amasu ezinguquko njengoba kuchaziwe ezicelweni zabo zezimvume. Ngaphezu kwalokho, labo banini zimvume abangazisebenzisanga izimvume noma abangazisebenzisanga izimvume ngendlelaokuyiyo, ngeke zisavuselelwa izimvume zabo futhi bangase bakhishwe kufakwe abasha ezikhaleni zabo.

8. Inqubo yokuhlunga

Izicelo zemvume yokudobela inzuzo ziyobukwa ngeso elibukhali ngokuhambisana “nenqubo yokungamukeleki kwabathile”, bese ziyahlolwa ngokwesilinganiso “ senqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa” okwenziwa phakathi kwabanezimvume kanye nabafaka izicelo. Kuyobhekwa amaphuzu okuyiwona ayohlonza labo abazicelo zabo ziphumelele. Ingxenye yohlelo lwe-TAC iyonikezelwa labo abazicelo zabo ziphumelele ngokulandela “ inqubo yesilinganiso”*quantum criteria*”.

8.1 Inqubo yokungamukeleki kwabathile

Ngaphandle kwezinqubo ezichazwe kumgomo jikelele ophathelene nokufakwa kwezicelo kanye nokungabi sesimweni esigculisayo semikhumbi kanye namanethi okudoba, uMnyanngo ngeke uzamukele izicelo ezihluleka ukuhlangabezana nalezi zidingo:

(a) **Uhlobo lwabantu abavumeleke ukufaka izicelo:** Abantu abangabodwana kuphela abayobhekelwa. Abanini zimvume asebeke basebenza beyimbumba (njenge-close corporations, trusts noma beyinkampani) kuyodingeka ukuba bafake izicelo ngabojwana, kodwa bayothathwa “njengabanini zimvume” kwenzelwa uhlelo lokunikezwa izimvume.

Umndeni (sekuhlanganiswe abashadikazi, abazali kanye nezingane zabo) ngeke banikwe imvume angaphezu kweyodwa ukuze kugwenywe ukuthathwa kwamandla onke ngabathile, kanye nokuvulela ukufinyeleleka kwingcebo kwama-*west coast rock lobster* ngokubanzi. Abafaka zizicelo bangadingeka ukuba badalule ubudlelwane abanabo nabanye abantu abakwezinye izimboni zokudobela inzuzo.Uma kufake izicelo zemvume amalunga angaphezu kwelilodwa umndeni owodwa, zonke izicelo zemvume zalowo mndeni zingakhishelwa eceleni, ngaphandle uma abafake izicelo bengakhombisa ngokungangabazisi ukuthi banezinkampani ezincane ezizimele zokudobela inzuzo.

(b) **Ukuhambisana nohlelo:** Abafake izicelo abuphule kakhulu umthetho ngokohlelo lwe-MLRA izicelo zabo ziyobekwa eceleni.

(c) **Isilinganiso samaphepha:** Isilinganiso samaphepha (njengoba kuchazwe kumgomo jikelele) siyoshaywa indiva. Amaqembu amakhulu afake izicelo ezifana ncimishi, noma ezithi azifane, bebe bexhaswe abanika amacebo noma ezinye izimboni zokudoba, izicelo zabo ziyoshaywa indiva zithathwe njengalezo zabantu abafaka abantu abathile ukuze bathole izimvume bebe bengahlomuli ngalokho. Kuyoshaywa indiva nokuhle abakwenzile ngabodwana.

(d) **Ukungasebenziseki kwezimvume:** Labo banini zimvume abahluleka ukusebenzisa izimvume zokudobela inzuzo ama-*west coast rock lobster* phakathi konyaka ka-2002 kanye nonyaka ka-2004 ngeke banikwe izimvume.

(e) **Ukubandakanyeka kwezimboni ezahlukene:** Abafaki zicelo abanemvume yokudobela inzuzo embonini yokudoba okungeyona eyohlobo lwe-abalone, noma abanezifiso sekuhlanganisa abanamasheya, nabafisa ukuba nobulungu kubanini zimvume abekwezinye izimboni zokudobela inzuzo, bayoshaywa indiva. Abafaki zicelo abahlomula emafeni abanini zimvume bayoshaywa indiva.

(f) **Ukuzibandakanya komuntu ngamunye ekuvuneni ingcebo:** Abafaki zicelo kuyomele batshengise ukuthi, ngesikhathi senala yokudoba, bazindakanya ngokugcwele ekudobeni ama-WCRL. Kumele babe nendima ebonakalayo abayidlalo emikhunjini yokudoba baphinde bazibandakanye ekuphathweni kwebhizinisi.

(g) **Ukuthembela ekudotshweni kwezinhlanzi:** Abafaki zicelo zobunini zimvume abangathembele ekuvuneni ama-WCRL okungenani ngesilinganiso sama-75 ekhulwini samaholo abo onyaka, izicelo zabo ziyoshaywa indiva. Labo abasethubeni lokuba babe abafikayo kule mboni, kuyodingeka ukuba batshengise

ukuthi banomlando wokuthembela kuma-WCRL ekuziphiliseni. Abafaki zicelo abathola amaholo abo ezimbonini okungezona zokudoba, izicelo zabo ziyoshaywa indiva.

(h) **Abahlala eduze nezindawo zokudoba:** abafaki zicelo abangahlali eduze nezindawo abafake izicelo zokudoba kuzo, bayoshiywa ngaphandle. Abafaki zicelo kuyomele bakhombise ukuthi sebehlale endaweni eseduze nendawo abadoba kuyona okungenani iminyaka emine. Izimvume zokudoba ama-WCRL (ngasosebeni) ziyonikezelwa kwabahlala eduze nezindawo zokudoba. Abafaki zicelo abazicelo ziphumelele ekudobeni ama-WCRL (ngasosebeni), bayodobela ezindaweni izimvume zabo ezibakhomba kuzona.

(i) **Imvume yokusebenzisa umkhumbi:** abafaki zicelo kumele bakhombise ukuthi banayo imvume yokusebenzisa umkhumbi osesimweni esigculisayo (***bheka isigama-9 ngezansi)***.

8.2 Inquko yokuhlunga ngokuqhathanisa

Abanini zimvume abafaka izicelo kanye nalabo abasethubeni lokuba babe ngabafikayo embonini yokudoba, bayohlomula phansi kwenqubo yokulinganisa elandelayo ngokubhekela isisindo sesicelo ngasinye:

(a) **Uguquko**

Ukuze kugcinwe ukubukeka kwesimo soguquko embonini yokudoba ama-WCRL (ngasosebeni), abafake izicelo bayothola amaphuzu amahle uma bemnyama. Ubulili bungasetshenziswa ukuhlonza ozophumelela uma bengaphezu koyedwa abantu abanamaphuzu alinganayo, kuyoncanyelwa umfaki sicelo wesifazane kunowesilisa .

Abafaki zicelo bayohlungwa abanikwe amaphuzu ngalokhu –

- Ukunikwa kwamathuba kwalabo ababecindezelekile ngokomlando; kanye
- Nokutshalelwa komphakathi izimali izinkampani ezizimele.

(b) Ukutshalwa kwezimali embonini yokudoba

Kuyobhekelwa ukutshalwa kwezimali emikhunjini yokudoba okuyokwenzeka kungakadluli umhla ka-31 kuDisemba 2004, uma utshalo zimali lukhombisa ukuzibophezela ekuzibandakanyeni ngokweqiniso kule mboni yokudoba.

(c) Imisebenzi

Abanini zimvume abafaka izicelo abakhombisa ukuthi banike abantu umsebenzi wesikhashana noma baqasha ngokugcwele abantu ngesikhathi sezimvume ezimaphakathi, bayoklonyeliswa.

(d) Ukuhlungwa nokuthengiswa kwezinhlanzi

Abanini zimvume abafaka izicelo kungadingeka ukuba balethe okubhalwe phansi okukhombisa ukuhlelwa nokuthengisa kwabo ama-WCRL, bangahlungwa ngokusebenza kwabo kulokhu.

(e) Ukudoba ngezinga elifanele

Abanini zimvume abafake izicelo bayohlungwa ngokubhekela izinga abadobe ngalo ama-WCRL ngesikhathi sokudoba esimaphakathi.

Abafaki zicelo abafikayo kule mboni yokudoba bayohlungwa ngokubhekela ukuthi banawo yini amandla, ikhono kanye nolwazi lokudoba ama-WCRL

(f) Umlando wokuzibandakanya embonini yokudoba

Abanini zimvume abafake izicelo kanye nalabo abanethuba lokuba babe abaqalayo bangahlomula ngenxa yomlando wokuzibandakanya kwabo kule mboni yokudoba. Loku kuzibandakanya kwabo kungahlanganisa ukuba ngabasebenzi embonini engandile yokudobela inzuzo ama-WCRL, noma ukuba yisisebenzi kunoma iyiphi imboni yokudobela inzuzo.

(g) Ukuhambisana nomgomo

Ukuphulwa komthetho wohlelo-MLRA okungatheni, imigomo nezimo zezimvume, njenganokudoba ngokweqile noma ukubamba ama-WCRL asemancane, kuyobangela ukunikezwa kwamaphuzu angemahle. Abanini zimvume abafake izicelo abangakwazi ukukhombisa ukuthi bayahambisana nomthetho obizwa nge-*Skills Development Act 97 ka-1998*, i-*Skills Development Levies Act, ka-1999*, i-*Occupational Health* kanye nobizwa nge-*Safety Act*, 85 ka-1993, bayothola amaphuzu angemahle.

8.3 Inqubo yokulinganisa

Ukunikezelwa kwezimvume kubafaki zicelo abaphumelele kwimboni yokudoba ama-WCRL (ngasosebeni) iyoba isilinganiso esiphakathi kwamakhilogremu angama-750 kanye nethani nengxenye yalo (1.5 tons). Kuyobhekelwa ubuningi bezinhlanzi ezikhona kuleyo ndawo ekufakwe kuyona izicelo, utshalo zimali olwenziwe kule mboni kanye nokudaleka kwamathuba omsebenzi

9. Imikhumbi esesimweni esigculisayo

Umkhumbi osesimweni esigculisayo kwimboni yokudoba ama-WCRL (ngasosebeni) yilowo:

- Onobude bamamitha angevile kwayi-8 ngokuka-SAMSA;
- Onomshini osebenzayo wokugada umkhumbi olwandle; kanye
- Olungiselwe ukuba udobele ama-WCRL kusetshenziswa amanethi ayindilinga kuphela.

10. Izindlela zokuphatha

Le mboni yokudoba ama-WCRL izophathwa ngokuhambisana nohlelo okuthiwa i-*ecosystem approach to fisheries* ("EAF"). Le ndlela yokuphatha le mboni iwuhlelo olubhekele zonke izinhlangothi lubuye luhlanganise imigomo eyazisa ukuthi ukudoba kanye nezinye izinhlobo zemisebenzi eyenziwa ngaphandle kolwandle kunomthelela ngokubanzi kulokho okwenzeka olwandle. Le ngxenye yomgomo wokudotshwa kwama- WCRL (ngasosebeni) ayizami ukunika umgomo embonini yokudoba kwi-EAF. I-EAF yemboni yokudotshwa kwama-WCRL (ngasosebeni) izochazwa kabanzi kwibhuku elichaza ngokuphathwa kwemboni yokudoba. INingizimu Afrika isalokhu izinikele kumnqamlajuqu wonyaka ka-2010 wokuqala ukusebenzisa ukusebenzisa uhlelo lwe-EAF ekudobeleni inzuzo.

Imboni yokudotshwa kwama-WCRL (ngasosebeni) izophathwa kusetshenziswa izindlela zokuphatha , ezihlanganisa nezinga okungamale kudotshwe ngaphansi kwalo, isikhathi sokuphela kwenala yezinhlanzi, ukungalungeli kahle komkhumbi ukudoba ngendlela yale mboni, izivimbelo ngesikhathi noma ukudoba endaweni ethile, izindawo zasolwandle ezivikelekile kanye nama-*lobster* anamaqanda kanye nalawo anamagobolondo athambile. Lezi zimvimbelo ziqukethwe kwizimo zezimvume.

11. Imali yokufaka izicelo zemvume yokudobela inzuzo kanye nemali yentela

Imali yokufaka izicelo embonini yokudoba ama-WCRL (ngasosebeni) iyokanywa kubhekelwa lokhu:

- Inani elibizwa uhlelo lonke lokwabiwa kwezimvume sekuhlanganiswa nokubonisana, ukukhishwa kwesiqinisekiso sokukhokha, ukuhlunga, nokwenza isiqiniseko, ukufakwa kokubuyekezwa kwezinqumo esezithathiwe kanye nokubuyekezwa kohlelo jikelele. Inani elibizwe uhlelo ngesikhathi esimaphakathi salolu hlelo luyothatwa njengomhlahlandlela; kanye

- Nenani ngakwezezimali lezinhlanzi ovumeleke ukuzidoba ngokwesikhathi esinqunyelwe imvume.

Imali yentela yonyaka ekumele ikhokhwe kusukela mhlaka-1 kuJanuwari 2006, iyoibuyekezwa ngemuva kokubonisana nabo bonke abathintekayo nabanezifiso ezithile kule mboni.

12. Izinga lokubuyekeza izinga lokusebenza okuyilo

UMnyango uzosebenzisa izindlela eziningi zokukala izinga ekuyilo lokusebenza kuze kuphele isikhathi sokudobela inzuzo esinqunyiwe. Kuyacabangeka ukuthi lezi zinhlelo zokukala izinga ekuyilo lokudotshwa kwezinhlanzi kuyokwenzeka ngemuva konyaka kusukela manje bese kuba njalo ngemuva kweminyaka emithathu. Ukuhluleka ukusebenza ngokwezinga elilindelekile kuyoholela ekumisweni okwesikhashana noma zihoxiswe.

13. Abakhimkhanya

Imikhumbi esetshenziswa embonini yokudoba ama-WCRL (ngasoseeni) ayikwazi ukubandakanya nabakhimkhanya. Abanini zimvume bayolindeleka ukuba babambisane ngokugcwele nabakhimkhanya abangekho emanzini kanye nalabo abathuthelwa ezindaweni zokudoba ngeminye imikhumbi.

14. Provisional lists

Ngaphambi kokuba uMnyango wenze isinqumo esingumnqamulajuqu wokuthi obani abazonikezwa izimvume zokuba bazibandakanye nemboni yama-WCRL (ngasosebeni), uMnyango uyokhipha uhlu lwesikhashana lwaba faki zicelo zezimvume abaphumelele. Uhlu lwesikhashana luyozungeziswa kuzo zonke izindawo zokudoba. Abanezifiso nabathintekayo kulezi zindawo bangazisa uMnyango uma kukhona onomlando wokudoba ama-WCRL (ngasosebeni) abangabandakanywanga kulolu hlu.

15. Izimo zezimvume

Izimvo zezimvume kule mboni yokudoba zizokhishwa minyaka yonke. Izimo zezimvume eziphathelene nalo nyaka ka-2005 zitholakala **njengesiXhumelelo A (Annexure A**.). Abanezifiso kanye nabathintekayo bavumelekile ukuba bangabeka izimvo zabo ngalezi zimo zezimvume.